Isihlengo—Isipho SikaNkulunkulu Esikhulu Kunazo Zonke (Ingxenye 2)

Sisekelwe esahlukweni 5 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola lokho okufundiswa iBhayibheli futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.



UKUFA KUKAJESU KUNGAKUTHINTA KANJANI UKUPHILA KWETHU?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Ucabanga ukuthi abanye abantu bangathini?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Isihlengo singasilethela izinzuzo eziningi.

(Bheka isahluko 5 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 14-17.)

Funda eyabaseKolose 1:13, 14 neyamaHebheru 9:13, 14.

Isihlengo singasikhulula kanjani ekuzisoleni ngokwedlulele ngezono zethu?

Funda eyabaseRoma 6:23.

Isihlengo siyozuzisa abantu kuze kube phakade ngamuphi umqondo?

Njengesipho esikusiza kuphela uma usisebenzisa, isihlengo singasilethela izibusiso eziningi —kodwa kuphela uma sibonisa ukuthi sinokholo kuso

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Kufanele sibonise ukuthi siyasazisa isihlengo.

(Bheka isahluko 5 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 18-22.)

Funda uJohane 17:3 neyoku-1 Johane 5:3.

Yini esizoshukumiseleka ukuba siyenze uma sisazisa isihlengo?

Funda uJohane 3:16; noJakobe 2:26.

Ingabe kwanele ukumane nje *sisho* ukuthi siyakholelwa emhlatshelweni wesihlengo kaJesu?

Yiziphi izindlela ofuna ukubonisa ngazo ngokukhethekile ukuthi uyasazisa isihlengo?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Angiboni ukuthi ukufa kwendoda ethile, okwenzeka ezinkulungwaneni zeminyaka edlule kukuthinta kanjani ukuphila kwami.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi bangase bavumelane nalokho okushoyo. Kodwa mina ngikholelwa ukuthi ukufa kukaJesu *kuyakuthinta* ukuphila kwethu, ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Okuwukuphela kwento edingekayo ukuze sisindiswe, ukuba nokholo kuJesu.

UNGASE UPHENDULE . . .

Ngiyavuma ukuthi ukuba nokholo kuJesu kubalulekile. Kodwa ngikholelwa nawukuthi kudingeka okungaphezu kokuba nje nokholo, ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania